## ISIQEPHU A: INOVELI

**UMBUZO 1:** ***ITHEMBA LAMI*** **– LF Mathenjwa**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

'Yebo kunjalo khona mama, umuntu kufanele azame ndawo zonke, kodwa okwamanje ngibona zisengcono izinyanga kunalaba bathandazi, umuntu ulala engemthandazi kuyasa ngakusasa usegabe izinsonto ukutshela ukuthi uyathandazela.'

Aphawule uMkhumane; 'Kanti-ke njalo Sandanezwe hleze naye unyoko ulandela lona elokuthi **imbuzi icingwa nasesihlahleni**. Ngakho-ke kuyoba kuhle ukuthi nalo ungalifeli ngamathe.'

'Cha baba angilifeli ngamathe, mina nje inhliziyo bese ngiyitshelile ukuthi ngiya enyangeni. Ningakhohlwa phela ukuthi nokuzitshela ukuthi uzosinda yikhona okuyaye kusize ngesinye isikhathi.'

'Hhayi-ke asazi, **nguwe obambekile** kusho ukuthi sizonikeza wena ithuba lokuthi uzizwele ukuthi yikuphi lapho wena ukholelwa ukuthi ungathola khona ukusizakala. Nokho-ke ake sizinikeze ithuba nazo izinyanga zenze ezazo izaba sibone ukuthi sitholani.'

Ezwakale umama: 'Wo-hhe! Sandanezwe mntanami kubuhlungu uma ngikubona ungaphathekile ngalolu hlobo. Ngisuke ngibe novalo lokuthi hleze lesi sifo sikuqinise amaphupho ami angabe esafezeka kanti nguwe wedwa umfana enginaye. 'Cha mama, khululeka salukazi sami, ungabi nenhliziyo ebuhlungu ngizosinda. Nakulokhu okushoyo mama komthandazi, ngicela ungaboni sengathi angikuhloniphi, ngizoya kuye, kodwa okwamanje ngithe ake ngiqale kule nyanga abayibabazayo ngapha ngaseMpangeni.'

1.1 Ngokwalesi siqeshana uMkhumane wamexwayisa/wameluleka wathini uSandanezwe? (1)

1.2 Ngubani igama lenyanga abayibabazayo ngapha ngaseMpangeni afuna ukuya kuyo uSandanezwe? (1)

1.3 Bhala izinto EZIMBILI ezazikhathaza umama kaSandanezwe ngokugula komfana wakhe. (2)

1.4 Iseluleko sikaSebenzile kumngani wakhe uNokulindela mayelana nokulinda uSandanezwe njengoba egula simveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

1.5 Bhala isizathu esenza ukuthi uZabalaza ashaywe nguSandanezwe ngesikhathi behlangana naye benoNokulindela. (2)

1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: '**nguwe obambekile**' sisho ukuthi ...

A uyigwala.
B uyagula.
C uyazondwa.
D untshontshile. (1)

1.7 Uqonde ukuthini umlobi uma ethi, '**imbuzi icingwa nasesihlahleni**'? (2)

1.8 Umlandi/Umxoxi akayena omunye wabalingiswa bale ndaba. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

1.9 Kwakuyini inhloso yenyanga yaseMpangeni yokuhlangana noNtshingila? (2)

1.10 Ubukhona bukaZabalaza kule noveli buyikhulisa kanjani indaba? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.11 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Njengoba usho ukuthi usukhokhe konke ndodana ayisekho into esilele, ngibona kungcono nami kube khona engikufumbathisa khona ngalolu sizo ongenzele lona ngomntanami.'

'Khona kunjalo baba kodwa-ke nami bekuyilungelo lami ukuthi ngenze lokhu engikwenzile ngakho-ke angilindele nkokhelo ngakho. Eqinisweni baba okuhlupha uNokulindela nami kuyangihlupha ngakho-ke angifuni ukumbona engathokozile.'

'Ngiyabonga ndodana ukungihlengela ingane yami, isicishe yaba uhhuhhwa oluhambe lucosha amaphepha ngenxa yabathakathi. Bala sengicishe ngakhohlwa silibele ukulanda. Nabo-ke abahlobo bakaNokulindela laba ababemenze lo mhlola, lwabe selusale luyadingidwa udaba lwabo. Ekuqulweni kwecala labalahla bobathathu, bahlawuliswa. UZabalaza kwaba zinkomo eziyishumi nanhlanu, uJiyane ishumi, kwathi uyise kaNomgedla zaba nhlanu. Ibandla lazama nokho ukusiduduza ngoba kwathiwa lezo nkomo zizogeza umuzi, zibuye zisithwalise ezindlekweni zokwelaphisa intombazana.'

'Babahlawulise kancane, yeka izwe lisabusa bebezovele bajojwe abathakathi bansondo. Ngiyazisa, futhi uNomgedla yena ngiyomkhohlwa ngifile ngiwafunge amaChunu.' Washo uNokulindela kwahlengezela izinyembezi.

Sona saba sihle impela isigwebo sabo kodwa ngisafisa ukuzibambela mathupha ngiziphindiselele.'

'Kanti-ke ndodana ungalaleli inhliziyo bese uziphathela umthetho ngezakho izandla ngoba uyojeza ngalokho.'

'Yiqiniso lelo baba, mane nami ngenziwa yinhliziyo kwazise ayigayelwa mphako.'

Sebebingelelene uNokulindela noyise, wabonakala uNokulindela ekhala, kepha kungezona ezosizi kungezenjabulo.

1.12 Yini eyayenza ukuthi ubaba kaNokulindela abonge uSandanezwe? (2)

1.13 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uJiyane ahlawuliswe ishumi lezinkomo? (2)

